



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2015

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 70

Le memorandamu inamakhasi ayi-13.

ISIQEPHU A: INOVELI***KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu*****UMBUZO 1**

- 1.1 Izinyanga ezintathu. (1)
- 1.2 Ehositela. (1)
- 1.3 Wabona amadoda amane ebambe enye indoda ngezandla nemilenze eyiphonsa emgodini. (2)
- 1.4
- Wayesabela impilo yakhe/babezombulala. (2)
 - Bambona kodwa yena akabazi. (2)
- 1.5 C/Ukubaleka. (1)
- 1.6 UMaNdlovu/uNtombi. (1)
- 1.7 KwakuseMsinga. (1)
- 1.8 Okubili kokulandelayo Sasisihle:
- Babedla ndawonye.
 - Babecula beshaya ingoma.
 - Babexoxa izindaba zasemakhaya.
 - Babefunda izincwadi ezivela ezintombini. (2)
- 1.9 Awazange awabize amakhosikazi abo emhlanganweni abathatha kuwo isinqumo sokuhlalisa abazali babo ngokwehlukana. (2)
- 1.10 Basizwa uMfundisi Zakwe/Indodana kaZakwe abahlangana nayo eMnambithi ngokubanikeza indawo yokulala nemali yokugibela. (2)
- 1.11 Simveza njengomuntu ohlulekayo ukuthatha izinqumo njengenkosana kaManyoba. (2)
- 1.12 Wawahlambalaza ngokutshela abantu ababeze emcimbini wabo ukuthi amadodana abaphatha kanjani emizini yawo/Akazange awabele/awashiyele lutho efeni lakhe. (2)
- 1.13 Ukufundisa ngomlando nangezimo abantu abahlangabezana nazo ezindaweni ezahlukene empilweni nasezindaweni zokusebenza. (2)
- 1.14 Izimpendulo ziyokwehluka:
Isibonelo:
- Njengomuntu wesifazane wayengabathatha ahlale nabo abatholele nosizo lokuthola impesheni yabo. (2)

- 1.15 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Azibanaki abazali bazo uma seziphumelele.
 - Azifuni ukunika abazali imali/ukubondla.
 - Azibelekeleli uma besezinkingeni.
 - Azikwazi ukuba nesikhathi nabazali bazo.
- (nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)
- 1.16
- UManyoba wagcina esephila kahle emva kokuhlupheka.
 - Wabela abazukulu ifa lakhe wangawanika lutho amadodana akhe. (2)
- 1.17
- 1.17.1 C Babevela emakhaya noManyoba.
- 1.17.2 D Waxoshwa efemini.
- 1.17.3 E Umzukululu kaManyoba noMaNdlovu.
- 1.17.4 A Wayenamakhosikazi amabili.
- 1.17.5 B Indodana kaManyoba. (5 x 1) (5)
- [35]**

NOMA

UMBUZO 2: UMSHADO – N Zulu

- 2.1 Wayeyobheka uBhekani/Wayeyolanda uBhekani (1)
- 2.2 uPamella (1)
- 2.3 Izinyanga eziyisithupha (1)
- 2.4 Wamtshela ukuthi ukhulelwe/uzethwele (1)
- 2.5 Uyagodola uBheki wuvalo/Kube sengathi ubanwa ugesi. (2)
- 2.6 C/ukuba senkingeni (1)
- 2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wake wangena esilingweni.
 - Wayezifikela kubo kaBheki engabizwanga.
 - Wayengayi/Wayelova emsebenzini azohlala kubo kaBheki.
 - Wathola ingane engashadile.
- (Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi) (2)
- 2.8 Yilapho aphupha khona ubaba wakhe sengathi ungenisa abantu esangweni kodwa kwathi uma kufika intokazi yezingubo ezimnyama wavimba uyise/Waphupha uyise exosha owesifazane ogqoke izingubo ezimnyama ngomkhonto. (2)

- 2.9 Washisa impepho ngaphambi kokuba abakhongi bahambe bayolobola.
(Nokuye okunembayo okungashiwo umfundi) (2)
- 2.10 Wavuka ekuseni waya emzini kamalume wakhe eyombheka/Wathumela
abakhongi ukuyolobola. (2)
- 2.11 Izeluleko EZINTATHU kwezilandelayo:
- Ukuthi amhlolisise bazane kahle noTholi ngaphambi kokuba amshade.
 - Ukuthi aqale abone ukuthi izingubo ezimnyama azigqokile uTholi akuyona yini inzilo.
 - Ukuthi ambuze ukuthi usebenzaphi.
 - Ukuthi alungise ukungezwani kukaTholi nomama wakhe.
 - Ukuthi ufunde wagcinaphi.
 - Ukuthi azi ngemvelaphi yakhe.
 - Akahlolisise ukuthi uTholi noPamella bahlangene ngani. (3)
- 2.12 Isibonelo ESISODWA kwezilandelayo:
- Kulapho uBhekani elwa noBhatomu emjondolo kaTholakele.
 - Kulapho uBhekani ehlaselwa izinsizwa ezintathu ngeketanga ebusuku endleleni eya kubo.
 - Kungesikhathi ejahwa yizinsizwa ezazihamba ngemoto ebomvu ephuma ukuyovakashela uTholi esibhedlela. (2)
- 2.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Abantu bakhona babazana bonke.
 - Abantu bakhona bathanda/bayazazi izindaba zabanye abantu.
 - Abantu bakhona bayathanda ukulwa.
 - Abantu bakhona badla izidakamizwa.
 - Abantu bakhona bayakwazi ukuhlala nezinye izinhlanga. (4)
- 2.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umakoti nezitilomisi zakhe baphuza ukufika esontweni.
 - ULindiwe wafika ephethe ingane emshadweni.
 - Ubaba kaTholi wamemeza ebuza ukuthi ubani owathatha ilobolo likamakoti.
 - Kwafika amaphoyisa abopha umakoti. (2)
- 2.15
- Ukuthi kufanele ulalele uma ukhuzwa/uboniswa.
 - Akufanele uvumele uthando lukuvale izindlebe/amehlo.
 - Ubugebengu abubuyiseli.
- (Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi) (2)

2.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

Izimpendulo ziyokwehluka:

Izibonelo zezimpendulo:

- Ngangiyoyeka ukuqamba amanga ngomsebenzi nangempilo yami.
- Ngangiyoshintsha ngiziphathe kahle ngiyeke ubugebengu.

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi)

(2)

2.17 2.17.1 C Umshayeli wemoto ebomvu

2.17.2 E Ukuqabula

2.17.3 A Ingubo egqokwa oshonelwe

2.17.4 B Wayenodlame

2.17.5 D Abantu abathunywa ukuyolobola

(5 x 1)

(5)

[35]**AMAMAKI ESIQEPHU A:****35**

ISIQEPHU B: UMDLALO**UMBUZO 3: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

- 3.1 Basesibhedlela. (1)
- 3.2 Wavukwa yisifo senhliziyo bamphuthumisa esibhedlela/Wagula/Waquleka/Wawa. (1)
- 3.3 Wathi usezokwenza konke okusemandleni akhe ukuthi abeke uNdabezitha phambili ngaphambi kokwenza noma yini ethinta isizwe. (2)
- 3.4 Ukuba nguSihlalo womhlangano. (1)
- 3.5 Wawuthi sekufike abameli bezinhlangano zombili nesikhulu esivela kuHulumeni, bafisa ukukhuluma nesizwe senkosi. (2)
- 3.6 B/Ukudala uxolo. (1)
- 3.7 Wafunda oHlange High School. (1)
- 3.8 Izimpendulo ziokwahluka:
- Ekuqaleni wayehlola uDuma ukhuthi angayihloniphi inkosi,
 - Elokubonisa umyeni wakhe uDuma ngokubaluleka kokubambisana kwabaholi emphakathini.
 - Walekelela ekudaleni uxolo phakathi kwenkosi noDuma
- (2)
- 3.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Indawo isaphethwe inkosi nezinduna.
 - Imigwaqo isewubhuqu.
 - Kusabizwa izimbizo.
 - Awukho ugesi.
 - Kusafuywe nezinkomo.
- (2)
- 3.10 Kwaba khona udlame endaweni; abantu baqembukelana phakathi; uMbandlwa wabulawa ngabantu ababesekela inkosi uShandu. (2)
- 3.11 Ukashayisana/ukungqubuzana phakathi kombuso wentando yeningi Kanye nombuso wendabuko. (2)
- 3.12 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- ODuma noMbandlwa bakhuluma ukwedelela.
 - Banqaba ukwenza okushiwo yinkosi.
 - Unkosikazi kaDuma waduba waphindela kubo.
- (2)

- 3.13 3.13.1 • UDLamini uvezwe njengomdlali onochuku obhebhezela udlame.
• Uthando analo ngenkosi lumenza athathe izinqumo ezingafanele abe nodlame kubantu.
• Unesandla esilula (2)
- 3.13.2 • UMBandlwa uvezwe njengomuntu odelelayo, ongalaleli.
• Wazisa umsebenzi wakhe kakhulu kunenhlalakahle yabantu.
• Onenkani (2)
- 3.14 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Kwashona uMBandlwa noDLamini.
 - Kwasha imizi yabantu.
 - Inkosi yawa yaphathwa yisifo senhliziyo.
 - Abantu baqembukelana phakathi.
 - Kwaba nenzondo emphakathini.
 - Kwaphazamiseka izinhlelo zentuthuko. (3)
- 3.15 Akumsizanga ngoba isinqumo sokumbeka icala asishintshanga yingakho inkosi uShandu kwakufanele amfunele ummeli ozomkhulumela uma esenikwa isigwebo/lcala aliphelanga. (2)
- 3.16 UMBONO: Izinkomo ziyahamba emigwaqweni enetiyela ngaphandle kokulimala. (2)
- 3.17 3.17.1 D uSidamba
- 3.17.2 E uFohloza
- 3.17.3 A uMaMsomi
- 3.17.4 C uDuma
- 3.17.5 B uMaNgema (5 x 1) (5)

[35]**NOMA****UMBUZO 4: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

- 4.1 UNondumiso. (1)
- 4.2 Abazange bazifundise izingane ngamasiko esintu. (2)
- 4.3 • Wathi akawufuni umsindo uma sebefika emzini.
• Wathi kufanele azithobe njengemvu. (2)
- 4.4 Wayesejele. (1)

- 4.5 Ukwenqaba kukaThenjiwe ukushada/ukugana/ukungenwa uDumisani. (2)
- 4.6 A/Ukushaya. (1)
- 4.7 Wabulawa abantu ngesikhathi sodlame. (2)
- 4.8 Izibonelo EZIMBILI kwezilandelayo:
- UThenjiwe uyalazi ngoba uyasho ukuthi bangalokothi emzini bakhulume indaba yokungenwa.
 - UMaMbatha etshela uDumisani ukuthi alikho ihlazo ekuthatheni isikhundla somfowabo.
 - UMaNzuza ongumakhelwane wathi uyalazi leli siko ngakho-ke kufanele bamchazele kahle uThenjiwe.
 - UMondise uyalazi leli siko waze washo ukuthi lenziwa kwaDubazane nakwaMnqayi abangomakhelwane wabo. (2)
- 4.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Kwaqhamuka uDumisani wacela ukukhuluma noThenjiwe,
 - Wathi uma enqaba uThenjiwe uDumisani wambamba ngenkani.
 - UThenjiwe washaya uDumisani ngetshe ekhanda.
 - UDumisani wakhahlela uThenjiwe esiswini.
 - USipho wakhipha ummese wagwaza uDumisani engalweni. (3)
- 4.10 4.10.1 USipho:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Uvezwe njengomngani omkhulu kaThenjiwe.
 - Unothando ngoThenjiwe.
 - Ungumuntu onoxolo. (2)
- 4.10.2 UThabi:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Uvezwe njengengane ezikhulumelayo/ephaphile.
 - Uvezwe njengomuntu onothando.
 - Uyaqaphelisisa, ngoba wakwazi ukubona uThenjiwe efaka ubuthi etiyeni likaDumisani. (2)
- 4.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wasukuma wahamba oManzini noMaMbatha besakhuluma naye.
 - Wagoduka engacelanga, engaziwa futhi ukuthi uyephi.
 - Wafakela uDumisani ushevu etiyeni.
 - Wayephendulana nomamezala wakhe uMaMbatha. (2)
- 4.12 UThenjiwe wagcina evumile ukushada noDumisani bagcina behlezi kahle. (2)

4.13 ESISODWA salezi ezilandelayo:

- Ngesikhathi ehlezi yedwa ekhishini emva komngcwabo kaSkhumbuzo ebalisa engazi noma bazovuma yini emzini ukuba ahambe ayoqala impilo entsha.
- Ngelanga ayehleli ngalo phansi kwesihlahla ekhumbula indlela abebehlala ngayo noSkhumbuzo, ebalisa ngobubi besiko.
- Lapho uThenjiwe esebuyele emzini ehlanganisa izindlela zokubulala uDumisani.

(2)

4.14 IQINISO.

- UDumisani wayesenayo ingane nentombi yakhe. Ukungena uThenjiwe kwabe kusho ukuthi akehlukane nonina wengane.
- Ingane yayizokhula ingahlali noyise/ubaba wayo.

(2)

4.15 Izimpendulo ziyokwehluka:
Isibonelo:

- Umama kaThenjiwe kwakufanele alwele ilungelo lengane yakhe njengomuntu wesifazane.
- Kwakufanele naye akhulume abeke owakhe umbono ngalolu daba lukaThenjiwe ngoba wayebona ukuthi alumphathi kahle.

(2)

- 4.16 4.16.1 D UThenjiwe
- 4.16.2 E Unkosikazi kaMondise
- 4.16.3 A Unkosikazi kaManzini
- 4.16.4 B UZungu
- 4.16.5 C Ingubo egqokwa oshonelwe

(5 x 1)

(5)

[35]**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE**IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)****UMBUZO 5****5.1 USihawu Nesihawu – NE Mbesa**

- 5.1.1 Umalumekazi/Umkamalume/Indodakazi kagogo/UMaZulu (1)
- 5.1.2 ENdiyeni elabe lisetshenzelwa umama wakhe. (1)
- 5.1.3 WayengowakwaLuthuli. (1)
- 5.1.4 D/Ukungabi nabazali. (1)
- 5.1.5 Bakhule ndawonye, babefunda ndawonye emabangeni aphansi. (2)
- 5.1.6 Wayefuna ukwazi ukuthi uyabathola yini abantwana/unayo yini inzalo. (2)
- 5.1.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ukhondolo lwasemndenini.
 - Izifo zamasoka.
 - Uma umuntu wesilisa ake aphantsi uzagiga esemncane. (2)
- 5.1.8 Uvezwe njengomlingiswa okhipha izimfihlo okuyinto ephambene nomsebenzi wobudokotela. (2)
- 5.1.9 Wathi angalokothi asho ukuthi wamdlwengula. (2)
- 5.1.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ukushonelwa umama wakhe.
 - Ukudlwengulwa yiNdiya noSihawu.
 - Ukungathandwa umalumekazi.
 - Ukusebenza esemncane/eseyingane (2)
- 5.1.11 IQINISO: Wayengabatholi ngoba izingane zazinezinwele ezigoqene njengezeNdiya. Akazange uBathobile aphinde athole abanye abantwana emshadweni. Udokotela wamtshela ukuthi ngeke azithole izingane (2)

[18]

5.2 Imfihlo Kamakoti – MT Mkhize

- 5.2.1 Wayengumshayeli wamatekisi. (1)
- 5.2.2 Wamnikeza ibhantshi lakhe. (1)
- 5.2.3 Amantombazane akhona ayengalotsholwa. (1)
- 5.2.4 UMaSikhosana. (1)
- 5.2.5 WayengowakwaMnyandu. (1)
- 5.2.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Yenzeka elokishini eMlazi.
 - Izinga lobugebengu liphezulu.
 - Izitimela zihamba ezindaweni ezihlala abantu.
 - Amathuna aphakathi elokishini. (2)
- 5.2.7 Imiyalelo EMIBILI kwelandelayo:
- Wathi angamnikezi umama wakhe imali.
 - Akamakhele umuzi oyisitezi.
 - Amkhumbule njalo ngonyaka.
 - Akamfuni umuntu wesifazane kulowo muzi ngoba uzohlale emvakashela.
 - Imali ayisebenzise ngendlela enenzuzo. (2)
- 5.2.8 Wayeyigqibe eduze kwesihlahla ngasesiteshini sesitimela. (2)
- 5.2.9 Kwenza umoya wakhe wangakuthola ukuphumula. Waba wuhlupho emndenini nasemphakathini. (2)
- 5.2.10 Izimpendulo ziyokwehluka:
- ABAVUMAYO: Babengayithatha imali ngoba yayizobakhipha ekuhluphekeni.
- ABAPHIKAYO: Babengeke bayithathe ngoba imiyalelo eyayibekwe uRebecca yayinzima. Babeyohlala ngokungakhululeki besaba isipoki. (2)
- 5.2.11
- Umbhali uyasexwayisa ukuthi akuphephile ukugibelisa umuntu ongamazi ebusuku emotweni.
 - Usifundisa ukuthi kuyenzeka ukuthi umuntu uma eshone enemfihlo angakutholi ukuphumula. (2)

[17]**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

ISIQEPHU D: IZINKONDLO**IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO – EJ Mhlanga no JJ Thwala****UMBUZO 6****6.1 Ngiyafisa Ukuba Qotho – DA Hlophe**

6.1.1 Emsebenzini
Kubazali (2)

6.1.2 Ukuxhumana okuyinxemu
Ulimi lwami lube **qotho**,
Ngibe **qotho** nanxa ngikhuluma. (2)

6.1.3 Yinzwa yokulalela. (2)

6.1.4 A/ukungabi nasono. (1)

6.1.5 Ngiyafisa ukuba qotho (1)

6.1.6 Imvumelwano siqalo
(Umugqa wama-23 nama-24)
Ngi ... (2)
Ngi ...

Noma

Imvumelwano siqalo eyeqanayo
(Umugqa wama-21 nowana-23)

Ngi ...
Ngi ...

6.1.7 Imbongi ifisa ukufundisa nabanye abantu emphakathini
ukubaluleka kokuba qotho nokwethembeka. (2)

6.1.8 Imbongi ikhuluma ngoSomandla nangokushumayela ngobuqotho. (2)

6.1.9 Iziphambeko zami zisuliwe. (2)

6.1.10 Kubalulekile ngoba ulimi lusetshenziselwa ukuxhumana nabanye
abantu. Ulimi luyaxabanisa futhi ludala uxolo. Kubalulekile ukugada
amagama owakhulumayo ngoba angadala izinkinga. (2)

6.2 Ungumzali Onjani?- DA Hlophe

- 6.2.1 Ilirikhi. (1)
- 6.2.2
- Iwisa. (2)
 - Isihlangu. (2)
- 6.2.3 Umbuzombumbulu. (1)
- 6.2.4 Iziwishiwishi/Umoya omkhulu/Iziphepho. (1)
- 6.2.5
- (a) Umzali ongabanakekeli abantwana bakhe. (4)
 - (b) Adla esuthe engazi ukuthi izingane zakhe zidleni. (4)
- 6.2.6 Isingathekiso. (2)
- 6.2.7 Yayiphatheke kabi/icasukile/idiniwe ngezenzo zomzali zokungakhuseli abantwana bakhe ngendlela efanele. (2)
- 6.2.8 Evulekile/I-enjambamenti. (2)
- 6.2.9 Izimpendulo ziyokwehluka:
- Ukugcizelela indlela aphaatheke kabi ngayo. (2)
 - Ukungabi nazimpendulo emibuzweni ayibuza umzali wakhe. (2)
- [17]**

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70